



# basic education

Department:  
Basic Education  
**REPUBLIC OF SOUTH AFRICA**

## NATIONAL SENIOR CERTIFICATE

**IBANGA LE-12**

**ISIZULU ULIMI LWESIBILI LOKWENGEZA (SAL)**

**IPHEPHA LOKUQALA (P1)**

**NOVEMBA 2010**

**KWAZULU-NATAL**

**AMAMAKI: 120**

**ISIKHATHI: amahora ama-2½**

**Leli phepha linamakhasi ayi-19.**

**IMIYALELO KWABAHLOLWAYO**

1. Abahlolwayo mabafundisise kahle imiyalelo ngaphambi kokuba baphendule imibuzo.
2. Leli phepha lehlukaniswe IZIQEPHU EZINE:  

ISIQEPHU A: Isifundo sokuqondisisa	(30)
ISIQEPHU B: Ukufingqa	(10)
ISIQEPHU C: Uhlelo nokusetshenziswa kolimi	(60)
ISIQEPHU D: Imibhalo	(20)
3. Abahlolwayo mabaqaphelisise isipelingi sabo kanye nokwakheka kwemisho.
4. Abahlolwayo mabafundisise YONKE imiyalelo ngokucophelela.
5. Akuphendulwe YONKE imibuzo ezigabeni A, B no-C kukhethwe incwadi eyodwa esigabeni D.
6. Abahlolwayo mabaqale umbuzo NGAMUNYE ekhasini ELISHA.
7. Akudwetshwe umugqa emva kwesiqephu ngasinye.
8. Hlela izinombolo zezimpendulo ngendlela ezihlelwe ngayo embuzweni ngamunye.
9. Yeqa umugqa emva kwempendulo ngayinye.
10. Bhala ngobunono nangendlela ecacile.

**ISIQEPHU A: ISIFUNDO SOKUQONDISISA****UMBUZO 1**

- 1.1 Funda le ngxoxo ephakathi kukaVusi Kunene nentatheli yeSolezwe bese uphendula imibuzo elandelayo.

**INGXOXO KAVUSI KUNENE NENTATHELI YESOLEZWE**

Le nsizwa, abalandeli bayo basayibiza ngoJack Mabaso okuyindawo eyayilingisa kuGenerations. UVusi Kunene (44) ungomunye wabalingisi abahlonishwayo kuleli njengoba esezakhele igama kwezeshashalazi, kwezethelevishini nakwezamafilimu. Ikhono lakhe labonakala emdlalweni owawungePolitiki owawubizwa nge 'The Line'.

UVusi uzalwa eSoweto, kanti ukulingisa kuyena into ayiqala lapho akhulela khona ekhuthazwa ngumphakathi. Unezingane ezintathu futhi akakashadi njengoba ethi akafuni ukujaha. Kumanje ulingisa indawo kaTefo Miya kwi'Soul City' edlala kuSABC-1 ngoMsombuluko ngo-08.30 ebusuku. USihle 'Ngeneyntweni' Mkhize uxoxe naye uVusi Kunene.

USihle: Kwakunjani ngosuku lwakho lokuqala usemdlalweni owuchungechunge (soapie) njengoba ubungumuntu weshashalazi (stage)?

UVusi: Kwakunzima kakhulu ngoba kusetshenziswa imishini eminingi kanyekanye, okwakungidida, kodwa ngokuhamba kwesikhathi ngabuye ngajwayela.

USihle: Yini eyenza washiya indawo kaJack Mabaso kuGenerations owawusuzakhele ugazi/udumo kuyo?

UVusi: Kunezinto engingeke ngikwazi ukuzisho ephephandabeni. Ukulingisa indawo kaJack ngisakufisa namanje kanti nomndeni weGenerations ngase ngiwujwayele. Abanye abalandeli basafisa ukungibona ngidlala leya ndawo.

USihle: Yikuphi okuhlukile okwenzayo uma ulingisa nokwenza abantu bakukholwe?

UVusi:	Kwesinye isikhathi uke uthi uyalingisa, ungayizwa kahle leyo ndawo oyidlalayo. Kodwa kwi'Soul City' ibhalwe kahle indawo yami. Engikuqaphelile ngukuthi indawo kaJack ingenze ngaba ngumuntu opendeka njengonesihluku kanti mina anginjala.
USihle:	Ngabe uchaza ukuthi kwi'Soul City' udlala indawo efanayo nempilo oyiphilayo?
UVusi:	Kukhona okufanayo nami kwindawo kaTefo. Ngizithanda izingane ezihloniphayo. Uma ungumuntu omdala ngikholwa ukuthi kusuke kuwumsebenzi wakho ukufaka izingane endleleni noma ngabe akuzona izingane zakho.
USihle:	Yikuphi osukufundile kulo mkhakha?
UVusi:	Ukubekhezela ngoba izinto azenzeki ngendlela ofuna ngayo. Kudingeka ube nesineke ngoba kwesinye isikhathi ungamelwa yinhlizyo uma izinto zingenzeki njengokufisa kwakho.
[Icashunwe yahlelwa kabusha ephephandabeni, /solezwe-Juni 2010]	

- 1.1.1 Udume ngani uVusi? (1)
- 1.1.2 Bhala igama lefilimu ake alingisa kuyona uVusi eyamakhela udumo. (1)
- 1.1.3 Yayikhuluma ngani le filimu ayingisa kuyona uVusi? (2)
- 1.1.4 Ngubani igama lentatheli exoxisane noVusi? (1)
- 1.1.5 Isebenzela liphi iphephandaba le ntatheli? (1)
- 1.1.6 Esalingisa emdlalweni iGenerations wayaziwa ngobani uVusi? (1)
- 1.1.7 Njengamanje ulingisa kumuphi umdlalo kamabonakude uVusi ngokwale ndaba? (1)
- 1.1.8 Khetha igama elilodwa kulawa akubakaki (brackets) elisho ukuthi uVusi ungumlingisi omdala futhi ohlonishwayo. (Obekezelayo, osezakhele igama, onesihluku). (1)
- 1.1.9 Kusho ukuthini ukuba nesineke: Khetha kulezi zimpendulo ezilandelayo:
- A Ukubekhezela.
- B Ukunensa.
- C Ukuhawukela (1)

1.1.10 Phendula uthi IQINISO noma AKULONA. (1)

- (a) UVusi uneminyaka engama-30. (1)
- (b) UVusi ushadile unenkosi kazi. (1)
- (c) UVusi waqala esemncane ukulingisa. (1)
- (d) UVusi akasathandi ukubuyela kuGenerations. (1)
- (e) Ukulingisa kufundise uVusi ukubekezela. (1)

1.1.11 Qondanisa amagama (phrases) akuKHOLOMU A nalawo akuKHOLOMU B.

KHOLOMU A	KHOLOMU B
(a) USihle ukhulumisane naye.	A Ezepolitiki
(b) Umabonakude	B Enesihluku
(c) Ezombusazwe	C Ukufaka izingane endleleni
(d) Njengenodlame	D Uxoxisane naye
(e) Ukukhombisa izingane indlela eyiyona yokuziphatha	E Ithelevishini

(5 x 1)

(5)  
[20]

## 1.2 Funda lesi sithombe esingezansi bese uphendula imibuzo elandelayo.



- 1.2.1 Ubani oqhutshwa ngebhala? (1)
- 1.2.2 Le nkosikazi ibukeka ithukuthela. Yini le eyithukuthelisile? (2)
- 1.2.3 Ukuqhutshwa kwale ndoda ngebhala kusho ukuthini ngezinga lempilo ephilwa wumndeneni wayo? (2)

- 1.2.4 Ukuncika kuka-Ankeli ngodonga lwendlu kusitshela ukuthini ngohlobo lwempilo ayiphilayo? (2)
- 1.2.5 Ngabe uBhoza unazo izingane? Sekela impendulo yakho. (1)
- 1.2.6 NgokwesiZulu sangempela u-Ankeli usho ukuthini? (1)
- 1.2.7 Yini eyenziwa u-Ankeli eyingozi empilweni yakhe ephinde ingcolise nomoya? (1)

**AMAMAKI ESIQEPHU A: 30**

**ISIQEPHU B: UKUFINGQA****UMBUZO 2**

Fingqa le ndatshana ngamaphuzu (points) ayisikhombisa namagama aphakathi kwangama-40 ukuya kwangama-50 ubhale izinkinga abazali ababhekana nazo ngemicimbi kamatikuletshe.

**NGABE LO MCIMBI UYIFANELE IMALI ECHITHWA KUWO?**

Lona ngumbuzo obuzwa yiwo wonke umzali uma kufika isikhathi sokulungiselela umgidi wokuvaliswa kwabafundi bakaMatikuletshe (Matric Dance). Abazali nabafundi abaningi baphathwa ngamakhanda. Ziningi izinto ezenza lokhu. Abafundi basuke bengazi ukuthi bazoyithathaphi imali yokuthenga ingubo noma isudi. Basuke befuna ukuba bahle bedlule wonke umuntu. Abazali bona baguliswa ukuthi basuke bengazi ukuthi bazoyithathaphi imali yokulungiselela lo mcimbi. Abazali abaningi bayazibuza ukuthi ngabe ukuhlakanipha yini ukuchitha imali (spend money) eningi kangaka ngomcimbi owenziwa amahora ambalwa nje.

Abazali bachitha imali eningi bethenga izingubo, bekhokha imali eningi ukuze abantwana babo bakwazi ukuya kulo mcimbi. Ngaphezu kwalokho abazali kufanele bakhokhe imali ye-'After Party', baphinde bathenge nezingubo ezizogqokwa lapho.

Ngaphezu kwalokho kufanele kuhlelwe imoto enhle ezobahambisa kulo mcimbi. Uma umzali engenayo imoto yohlobo oluphambili kumele ayiqashe ukuze ingane yakhe ingahlekwa ukuthi ifike ngemoto engeyona eyohlobo oluphambili. Izinga lokuqhudelana (competition) ukuthi ubani ohamba nobani, nokuthi ubani obegqokeni liba phezulu kakhulu.

Abafundi basuka lapha baye kwi-'After Party' ekwenye indawo hhayi lapho kwenzelwe khona lo mcimbi. Lapha basuke bengekho othisha noma abantu abadala abagadile. Abazali abanomthetho oqinile (strict) abazivumeli izingane zabo ziye kwi-'After Party'. Lokhu bakwenzela ukuphephisa impilo yezingane zabo.

**AMAMAKI ESIQEPHU B: 10**



**ISIQEPHU C: UKUSETSHENZISWA KOLIMI****UMBUZO 3**

- 3.1 Phinda ubhale imisho elandelayo ufake izabizwana ezifanele esikhundleni samagama abhalwe ngokugqamile (bold).

3.1.1 **Umfana** uhlonipha **abazali** bakhe. (2)

3.1.2 **UThemba noThembi** bathunywe ngugogo esitolo. (1)

- 3.2 Funda lesi siqeshana esingezansi bese uqondanisa isisho kuKHOLOMU A nencazelo kuKHOLOMU B.

Bezindala zombili emqhudelwaneni webhola phakathi kweBafana Bafana neqembu laseMexico. Ibingekho efuna ukugoba uphondo. Alikho iqembu ebelifuna ukushaywa.

KHOLOMU A		KHOLOMU B	
3.2.1	Bezindala zombili	A	Ukwehlulwa
3.2.2	Ukugoba uphondo	B	Bayalingana ngamandla
3.2.3	Ukushaywa	C	Akekho ofuna ukwehlulwa

(3 x 1) (3)

- 3.3 Funda isiqephu esilandelayo bese ubhala izinhlobo EZINTATHU zezifeno ezibhalwe ngokugqamile (bold). Khetha phakathi kwalezi:

(ukwenzasasilwane, ihaba, isifaniso, isingathekiso).

Uma umculi uZulu Boy ekhuzela isithandwa sakhe uyaye athi Nomalanga s'thandwa sami **umuhle njengelanga liphuma**. UNomalanga uvele aphelelwe amazwi, agcine ngakho ukumoyizela nje. Phela lowo mntwana **yimvu yoqobo**. Wajabula **watshakadula** uZulu Boy ukusiphula leya mbali ayenze ibe ngeyakhe.

(3)

- 3.4 Bhala ubulili besifazane bamagama abhalwe ngokugqamile (bold) kulesi siqephu esingezansi.

**Umkhulu** wakhe uhlala eGoli. **Umalume** noThemba bahambe ngesitimela ukuyobheka umkhulu ngoba akaphilile. Phela umkhulu wakhe uy**inkosana** yasebukhosini yikho nje kutatatzela wonke umuntu uma engaphilile. Umkhulu lo wathola **indodana** eyodwa vo emshadweni wakhe.

(4)

**[13]**

**UMBUZO 4**

Lungisa amagama angabhalekanga kahle ngokufaka osonhlamvukazi (capital letters) nezimpawu zokubhala (punctuation marks).

umnumzane nonkosikazi dlamini behlelwe yinhlanhla enkulu yokubamba amahhashi illotto ijekhiphothi nomshayina konke lokhu kwenzeka ngosuku olulodwa uthemba waya ebhange esprings eyobalandela leyo mali

**[13]****UMBUZO 5**

Funda le ndaba elandelayo bese unciphisa amagama abhalwe ngokugqamile (bold).

**Umuntu** omdala uyahlonishwa. **Othisha** bafundisa lokho ezikoleni. **Abefundisi** bakhuluma into efanayo emasontweni. Abefundisi nothisha baxwayisa (warn) **intsha** (youth) ukuthi ihloniphe, iziphathe kahle futhi ingabhemi **ugwayi**.

**[5]****UMBUZO 6**

Khulisa amabizo abhalwe ngokugqamile (bold) esiqeshini esilandelayo ngokufaka isijobelelo esifanele.

Ngokwesiko lesiZulu inkosikazi kufanele ishuqule **ikhanda**. Ukushuqula ukubopha ikhanda usebenzisa **indwangu** ukuze kufihleke **izinwele**. Le ndwangu ibuye ibizwe ngokuthi **iduku**. NgokwesiNtu inkosikazi engathwele kufana nokuthi ihamba nqunu emadlozini akulelo khaya. Ukuthwala kuphinda kunikeze inkosikazi ukuhlonipheka nesizotha ikakhulukazi ngoba uma umuntu eshade ngokwesintu akayifaki **iringi** emunweni.

**[5]****UMBUZO 7**

Funda isiqephu esingezansi bese uphendula imibuzo elandelayo.

**Ithelevishini** inezibukeli eziningi kanti **umsakazo** awusenabo abalaleli abaningi. Okwenza abantu bayithande kakhulu ithelevishini ukuthi uyakwazi ukumbona lowo muntu osuke ekhuluma. Abantu bavame ukuthatheka ngabalingisi bemidlalo yethelevishini. Abanye abantu abakwazi ukwehlukana phakathi kwendawo umuntu ayilingisayo nendlela aphila ngayo **impilo** yakhe yangempela. Isibonelo: uma abantu bebona umuntu elingisa indawo yokuba **udokotela** emdlalweni othile baye bacabange ukuthi usekwazi ukwelapha noma esephila impilo yakhe yangempela, kanti cha akunjalo.

7.1 Sebenzisa ibizo **impilo** elisesiqeshini uzakhele owakho umusho ngalo. (2)

7.2 Guqula ibizo **umsakazo** libe sebuningini. (1)

7.3 Finyeza la mabizo alandelayo asesiqeshini esingenhla. (2)

7.3.1 Ithelevishini (1)

7.3.2 Udokotela (1)

**[7]**

**UMBUZO 8**

Faka izivumelwano ezifanele emagameni akubakaki (brackets) ukuze umusho ufundeke kahle.

- 8.1 Uthisha (-hamba) nezingane ukuya edolobheni. (1)
- 8.2 Iqembu lesizwe (-winile) emzuliswaneni wokuqala. (1)
- 8.3 Mina nobaba (-bona) ukuthi kulungile lokho okushoyo. (1)
- [3]**

**UMBUZO 9**

Yakha imisho EMIBILI ngebizo ngalinye kwalandelayo ukuze aveze imiqondo emibili ehlukene.

- 9.1 Isonto (2)
- 9.2 Ithanga (2)
- [4]**

**UMBUZO 10**

Bhala kabusha umusho olandelayo. Qala umusho wakho ngegama elibhalwe ngokugqamile (bold).

Umakhelwane wami udayisa **izinkomo**. **[2]**

**UMBUZO 11**

Bhala imisho elandelayo uguqule izenzo ezibhalwe ngokugqamile (bold) zikhombe okulandelayo:

- 11.1 Selokhu kusile uZodwa **ufunda** nale ncwadi. (ukwenzana) (1)
- 11.2 Ukuza kwemidlalo kuleli zwe **kudala** abantu abaningi amathuba emisebenzi. (ukwenzela umuntu okuthize). (1)
- 11.3 **Hamba** lezi zitsha ekhishini. (ukwenzisa) (1)
- [3]**

**UMBUZO 12**

Bhala umusho olandelayo ube senkathini enikeziwe.

Abafundi babhala izincwadi zesiZulu.

- 12.1 Inkathi ezayo. (1)
- 12.2 Inkathi eyadlula. (1)
- [2]**

**UMBUZO 13**

Funda le misho engezansi bese uphendula imibuzo elandelayo.

- Ubaba uvuka njalo ekuseni aye kosenga izinkomo ezimnyama kuqala.
- Bese kuthi uma sezibuya inhlazane zisengwe abelusi bakhe.

Qondanisa izingcezu zenkulumo ezikuKHOLOMU A namagama akuKHOLOMU B.

<b>KHOLOMU A</b>		<b>KHOLOMU B</b>
13.1	Isibaluli	A ubaba
13.2	Ibizo	B bakhe
13.3	Isenzo	C ezimnyama
13.4	Isihlanganiso	D uvuka
13.5	Ongumnini	E uma

(5 x 1)

**[5]**

**AMAMAKI ESIQEPHU C: 60**

**ISIQEPHU D: IMIBHALO**

- Kulesi siqephu umfundi uzophendula ngezincwadi EZIMBILI kuphela.
- Lezo zincwadi azibe namamaki ayi-10 incwadi iyinye.
- Amamaki alesi siqephu esewonke angama-20.

**UMBUZO 14: INOVELI: UMSHADO – N Zulu**

Funda isiqephu esingezansi bese uphendula imibuzo elandelayo.

Mfana, sengathi awuyazi le ntokazi yakho. Siza-ke ubuye uzongitshela zonke lezi zinto engizibuzile. Uma izimpendulo zakho zingangigculisi, siyaphuma kule nto yakho nodadewethu. Usuyozilobolela wedwa uzishadele wedwa nalo mfelokazi wakho. Ungiphoxile Bheki. Uyinsizwa enhle kanje udumele umfelokazi!

Ngizozama, kodwa ngicela ningangishiyi nokuhlupheka. Inkinga yami yiphupho likababa elingiphethe kabi. Aphume endlini uBheki inhliziyi yakhe ibuhlungu kakhulu. Abone ukuthi kungcono aphuthume uTholi uyena ongamduduza kuzo zonke lezi zinsizi ezimphethe. Akhumbule nemali yakhe engakabuyiswa. Acabange ngombuzo kaSfiso mayelana noZenze.

Azitshale ukuthi impendulo uzoyithola kuTholakele. Ahambe asheshe akufuneki ahlwelwe. Afike kwaTholakele. Angqongqoze. Bamvulele. Angene. UTholi uhleli noBhatomu. Babingelelane. Acele uxolo uBheki

- |      |  |             |
|------|--|-------------|
| 14.1 | Ubani lo okhuluma noBhekani kulesi siqephu esingenhla?                                       | (1)         |
| 14.2 | Ubani lo obizwa ngentokazi kulesi siqephu?   | (1)         |
| 14.3 | Ubani lo obizwa ngodadewethu kulesi siqephu?   | (1)         |
| 14.4 | Ubani uBhatomu kule ndaba?   | (1)         |
| 14.5 | Ungubani uZenze kule ndaba?  | (1)         |
| 14.6 | Bhala izinto zibe NTATHU afuna ukuzazi lo okhuluma noBhekani ngale ntokazi abakhuluma ngayo. | (3)         |
| 14.7 | Yisiphi isizathu esenza umalume kaBhekani afune ukwazi kabanzi ngale ntokazi?                | (1)         |
| 14.8 | Ngabe uBhekani wazithola yini izimpendulo zemibuzo eyayibuzwa umalume?                       | (1)         |
|      |  | <b>[10]</b> |

**NOMA**

**UMBUZO 15: INOVELI: KUSINDA KWEHLELA ENDODENI – SJ Mchunu**

Funda nasi isiqephu esingezansi bese uphendula imibuzo.

Mjwayeli:	Bafowethu! Mina ngisamile ekutheni asibathathe sihambe nabo ukuze singangabazi ukuthi abalambile futhi bagcineke kahle basemehlweni ethu ngaso sonke isikhathi. Obani abahambisana nami kulo mbono? Niyithini indaba yamakhosikazi ethu na, ngoba yinto eyaziwa yinoma ngubani ukuthi izinkunzi ezimbili azihlali esibayeni sinye. Nginamanga bafowethu?
Fanyana:	Nithini kule nto eshiwo ngumnewethu na? Yingakho nje mina ngithi asibalethele ukudla, omama bohlala bengahlushwa muntu lapha ekhaya. Bafowethu! Isikhathi sihambile kukhulunywa le ndaba. Khiphani isinqumo esizokwenza sikwazi ukuphendula noma esizolungisa lesi simo esibhekene naso.
Mduduzi:	Yiqiniso elimsulwa leli elishiwo ngumnewethu. Amakhosikazi anamuhla awasahloniphi, azoxabana nabazali bethu bese kuba khona ukungezwani endlini ngoba nizosuka nivune amakhosikazi enu noma kuyiwona anochuku. Uma kungenjalo uzovuna umzali kanti nguyena owonile. Yimpicabadala le enicabanga ukuthi asiyenze. Bengithi anginiqwashise nje angisho ukuthi akungenziwa lokhu enikushoyo.

- |      |   |             |
|------|---|-------------|
| 15.1 | Bahlobene kanjani noManyoba laba abakhuluma ngenhla ? | (1)         |
| 15.2 | Obani laba athi uMjwayeli ababathathe bahambe nabo?   | (2)         |
| 15.3 | Basiwaphi laba athi uMjwayeli abathathwe?             | (1)         |
| 15.4 | Kwakuyini isifiso sikaFanyana ngalolu daba?           | (2)         |
| 15.5 | Iyiphi le mpicabadala angavumelani nayo uMduduzi?     | (2)         |
| 15.6 | Bagcina bevumelene ngani laba abaxoxayo?              | (2)         |
|      |   | <b>[10]</b> |

**NOMA**

**UMBUZO 16: UMDLALO: ABABULALI BENYATHI – RM Mngadi**

Funda nasi isiqephu esingezansi bese uphendula imibuzo.

Shandu:	We Dlamini! Awusho. Uma efika uDuma ezocela invume ngohlelo afuna ukulwenzisa, ngithini?
Dlamini:	<i>(Ahebeze ngezandla)</i> Cha! Cha! Ndabezitha ungazikhamanisi. Umchithe! Umchithe zisuka nje. Phela ukubusa kwakho kungazulelwa ngamanqe. Cha ngiyaphika Ndabezitha. <i>(anikine ikhanda)</i>
Shandu:	<i>(Ehlise umoya, nezwi lakhe lehle njengomuntu odumele)</i> Phela akufanele ngimchithe uma ezehlisa ngoba lokho kungasho ukuthi ngiphikisana nenqubo kaHulumeni. Mina ngifuna inhlonipho nje kuphela. Thina makhosi kufanele sigqugquzele lo Hulumeni ekushayeni umthetho ozosenza sihlale singamakhosi ahloniphekile.
Dlamini:	<i>(Naye adumale kodwa ubuso bugqwale intukuthelo)</i> Hawu! Hawu! Ndabezitha, uyobe usuvulele amanzi uqobo. Ngempela ayongena abumanzise ubukhosi bakho futhi bugqwale. Emva kwalokho uyophenduka isithunzi sona esinomnyakazo kodwa ongenamsebenzi. Ndabezitha goloza okokugcina aze ashaye umthetho ophusile lo Hulumeni ngamandla enu. Angiphikisani nenkosi yami kodwa ngizama ukuyiqwashisa. Thina siyabuthanda ubukhosi bethu bendabuko. Kanti thina ma-Afrika siyosala nani okungeyethu? Okokuqala nje mina njengenduna ngingawenza lo msebenzi okuthiwa ufanele ikhansela.

- |      |   |             |
|------|---|-------------|
| 16.1 | Inkosi uShandu noDlamini bakhuluma ngobani?   | (1)         |
| 16.2 | Yini efunwa yinkosi uShandu kuDuma?   | (1)         |
| 16.3 | Unasikhundla sini uDlamini endaweni?  | (1)         |
| 16.4 | UDlamini wayiluleka/wayibonisa wathini inkosi uShandu ngesikhathi ifuna umbono wakhe? | (2)         |
| 16.5 | Ngabe inkosi yasithatha yini iseluleko sikaDlamini? Sekela impendulo yakho?           | (2)         |
| 16.6 | Ngubani okunguyena owenza lo msebenzi athi uDlamini naye angawenza?                   | (1)         |
| 16.7 | Msebenzi muni wona lo akhuluma ngawo uDlamini?  | (1)         |
| 16.8 | Ukuqwashisa kusho (ukuxwayisa, ukwesabisa, ukukhuza).                                 | (1)         |
|      |   | <b>[10]</b> |

**NOMA**

**UMBUZO 17: UMDLALO: ISIKO NELUNGELO – N Zulu**

Funda isiqephu esingezansi bese uphendula imibuzo.

Thenjiwe:	Cha bengithi ake ngizwe ukuthi indaba yami iphelela kuphi. Ngenye indlela ngicela ukudedelwa ngibuyele ekhaya. Isicelo nje lesi engisenzayo.
MaMbatha:	Unekhanda elilukhuni umthetho wakho makoti. Sakutshela kahle ukuthi isiko elizophetha udaba lwakho. Asinayo inkinga thina, ukhona umfana lapha ekhaya. Nangu. (asho akhombe uDumisani)
Zungu:	Sengathi unamawala kulolu daba MaMbatha.
MaMbatha:	MaMbatha:Ngicasulwa yile ngane. Kunini ngiyitshela ukuthi ukhona uDumisani ozoyingena. Isiko lisho njalo nje kwaphela.
Thenjiwe:	(Ahwaqe) Ngachaza kahle ukuthi angifune kungenwa mina. Naye lo muntu enithembele kuye ingane elihlaza.
Dumisani:	Cha makoti lalela kahle abadala. Ungathathi ngamawala. Kungakubi impela uma ungahamba lapha ekhaya.
MaMbatha:	Awuzwa-ke mfana wami, mtshele. Mtshele ukuthi uma ukhona kuphelile.
Thenjiwe:	Habo! Kanti nawe sebekuhlohlile? Uma ningikhipha inyumbazane lapha ngiyekeni ngiziyele ekhaya angixoshwanga.

- 17.1 Ushadele kwabani uThenjiwe? (1)
- 17.2 Uyini uThenjiwe kwaZungu? (1)
- 17.3 Ubani igama lendodana kaMaMbatha? (1)
- 17.4 Sithini isicelo sikaThenjiwe kuMaMbatha? (1)
- 17.5 Ngabe uMaMbatha uyasivuma yini isicelo sikaThenjiwe? Sekela impendulo yakho. (2)
- 17.6 UThenjiwe ubeka siphi isizathu sokwala ukungenwa uDumisani? (2)
- 17.7 Ukungenwa kusho (ukubulawa, ukuphoqwa ukuthi ube ngunkosikazi kamfowabo kamkhwenyana wakho osashona, ukuxoshwa emzini)? (2)
- [10]**

**NOMA**



**UMBUZO 18: IZINYEMBEZI ZOTHANDO – DBZ Ntuli****UNOZIMOTO – NAP Khumalo**

Funda isiqephu esingezansi bese uphendula imibuzo.

Akhale kakhulu uKaMaseko khona elele embhedeni, zehle zingene ezindlebeni. Naye axolise, "Ngiyaxolisa kakhulu myeni wami, ngiyaxolisa Jiyane wami! Hi! Ngiyashweleza Jiyane wami, lixhoshwa libheki ... le! Angiphinde Nkosi yami ngi ... gi ... be ... le izi ... mo ... to, ngifunde kabuhlungu Jiyane wami!"

"Mxolele mkhwenyana, njengoba nathi sikade sincenga," kusho uMaseko.

"Cha! Lezi zigebugu, zigange ngaye. Ngakho-ke yinto engexoleleke leyo." Kubhoka yena uNtokozo.

"Yebo, kunjalo, kepha asithathe lokho okushiwo ngodokotela uma bemhlola, ngokusola ngoba bethola ehamba nezigebugu, futhi evalwe amehlo, abathe kungozi makhaza." Kusho unina kaKaMaseko.

"Nenhlawulo yenkomo phela bese beyikhokhile ndodana, njengoba wazi mxolele umkakho," kusho uyise kaJiyane. "Thina sizodala uxolo ndodana. Asifuni ukunishiya ningaxolelene. Iphutha yiphutha, ndodana, noma lingaba likhulu kangakanani. Inqobo nje uma kuxoliswa," kusho unina kaNtokozo. UKaMaseko yena ulokhu ekhala zehla mi. Kuke kuthi nya. "Kuyezwakala." NguNtokozo lowo. Asinde isililo uKaMaseko.

- |      |  |             |
|------|--|-------------|
| 18.1 | Bakuphi laba abakhulumayo?   | (1)         |
| 18.2 | Ngaphandle kukaKaMaseko noJiyane ngobani abanye ababekhona lapha?                          | (2)         |
| 18.3 | Yiliphi icala elenziwe nguKaMaseko njengoba exolisa nje?                                   | (1)         |
| 18.4 | Ukhalelani uKaMaseko?  | (1)         |
| 18.5 | Yini eyenza uKaMaseko athi angeke aphinde agibele imoto?                                   | (1)         |
| 18.6 | Ubani igama likamyeni kaKaMaseko?  | (1)         |
| 18.7 | Bahlawula ngani abakwaMaseko kuJiyane.   | (1)         |
| 18.8 | Yini kube nzima kuJiyane ukuthi amxolele umkakhe?  | (1)         |
| 18.9 | Bhala amazwi ashiwo nguJiyane kulesi siqephu esingenhla akhomba ukuthi uyamxolela umkakhe. | (1)         |
|      |  | <b>[10]</b> |

**NOMA**

**UMBUZO 19: IZINKONDLO: AMAHLOKOHLOKO – EJ MHLANGA no JJ THWALA****IZIMOMONDIYA – BZ Gama**

- 1 Ngizibonile ezinhle kakhulu
- 2 Amalamb adlile uqobo,
- 3 Omashayela phezulu boqobo,
- 4 Ngisho amaNkisimane ansundu
- 5 Akhuluma asikhiphe ngamakhala,
- 6 Izintombi zendlu empisholo.
- 7 Amakhanda agcwele ayachichima,
- 8 Ulwazi lobuchwephese besimanje
- 9 Izimomondiya ezisebenza zihlezi
- 10 Yeka iminwe ukuchofeza
- 11 Iminwe egijima iye le,
- 12 Ibuye umuva, iye phambili.
- 13 Amehlo agqolozele ibhokisi,
- 14 Iminwe ichofeza amathambo,
- 15 Ngisho amathambo amhlophe,
- 16 Agqize ngomnyama umbala,
- 17 Okomfaniswano wezingane zesikole
- 18 Zigxumagxuma emabaleni.
- 19 Ngiyaseshwama isimangaliso seminwe
- 20 Egidagida phezu kwamathambo,
- 21 Ngisho amathambo amhlophe
- 22 Ibhale umyalezo wansondo
- 23 Yeka ubuciko bekhompyutha,
- 24 Ubuciko bondlebe zikhanya ilanga.
- 25 Angiwubonaze umshini oyisimangaliso,
- 26 Umshini okhuluma buthule,
- 27 Umshini obuza buthule,
- 28 Yisimangaliso lesi sakobelungu
- 29 Esifinyeza umsebenzi omkhulu
- 30 Simangaliso ubaba nomama.

- 19.1 Hlobo luni lwenkondlo lolu? (1)
- 19.2 Unjani umoya otholakala kule nkondlo? Sekela impendulo yakho. (2)
- 19.3 Bhala ukuxhumana sigcino okutholakala kustanza sokuqala. (2)
- 19.4 Sinjani isigqi sale nkondlo? (1)

19.5 Qondanisa isisho kuKholomu A kanye nencazelo ku B.

<b>KHOLOMU A</b>		<b>KHOLOMU B</b>
19.5.1	Amalamba edlile	A Izintombi ezinhle.
19.5.2	Asikhiphe ngamakhala	B Banezisu ezincane.
19.5.3	Izintombi zendlu empisholo	C Basikhuluma kahle isiLungu.
19.5.4	Izimomondiya	D Izintombi eziMnyama.

(4 x 1)

(4)  
[10]

**AMAMAKI ESIQEPHU D: 20**  
**AMAMAKI ESEWONKE: 120**